# "NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo"

ENcwadini kaDutoronomi sifunda esahlukweni 32, ivesi 11, "Njengokhozi luhlakaza isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane alo, lwenabise amaphiko alo, luwathathe, luwathwale emaphikweni alo."

Njengoba ngingumuntu othanda ukuvakashela ngaphandle, bengimangala njalo ukuthi kungani uNkulunkulu afanisa ifa laKhe nokhozi. IBhayibheli lami lokuqala kwakuyimvelo futhi nje ngangiyithanda. Ubona uNkulunkulu emvelweni uma uMfuna, ngoba UnguMdali wayo.

Ngabona lezozinyoni ezinkulu futhi ngejwayela ukuzibona ziphezulu ezintabeni lapho indawo yazo yokuhlala ikhona. Ngeluse izinkomo, ngingumqaphi wezinyamazane, bese-ke ngiphenduka futhi ngifunda iBhayibheli akukaze kukukhiphe kimi. Nje ngiyakuthanda ukuvakashela ngaphandle nokubhekisisa ukuthi uNkulunkulu uhamba kanjani emhlabeni waKhe wonke kanye nezulu.

Ifa likaNkulunkulu lifaniswa nokhozi olukhulu. Ngike ngafunda ukuthi ePalastine kunezinhlobo ezingama 40 zezinkozi. Igama ukhozi lisho okondla ngomlomo, okungumfanekiso omuhle kakhulu wokuthi uNkulunkulu ubondla kanjani abantwana baKhe ngomlomo waKhe ngeZwi.

"Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." UluKhozi olondla izinkozi zaLo ezincane ngeZwi. Futhi sizoqaphela ukuthi uNkulunkulu kaningi wayefanisa abaprofethi baKhe nezinkozi, kanti naYe Wazifanisa nokhozi. Ulukhozi olunguJehova, nathi siyizinkozi zaKhe ezincane, abancinyane baKhe. Futhi Akasondli yini ngomlomo waKhe uqobo na? "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." UNkulunkulu wondla izinkozi zaKhe ezincane ngeZwi laKhe, iZwi laKhe elikhulunyiwe.

Izikhathi eziningi ngikujabulele ukudla okumnandi kwesiteki noma inkukhu, kodwa angikaze ngilijabulele idili njengoba ngenza noNkulunkulu etafuleni laKhe. Nje sidedele uNkulunkulu asondle ngeZwi laKhe elimnandi futhi kungukudla okumangalisayo emilonyeni yethu nokwezinxenye zethu zangaphakathi. Ibandla namhlanje libulawa yindlala ngokwami ukubona, ukukhuluma kanjalo ngezikhathi zikamoya namhlanje kungebekhona lutho olungathatha indawo yokudla kwezinkozi, kuphela ngukudla kwangempela kwezinkozi okuyokwenela—

futhi njengalokhu siyizinkozi sifanele sibe nokudla kwezinkozi sidle—hhayi umbuthano wezenhlalakahle, noma isapha endaweni engaphansi esontweni, hhayi ngisho nephathi yokunitha-nokuthunga—sidinga ukudla kwezinkozi, ezondliwe ngokuvela emlonyeni wokhozi olunguJehova.

Amaphiko amabili amakhulu okhozi angawokukhulula. Amele futhi iTestamente eLidala neLisha. Enye into ngokhozi ngukuthi lungajubalala luye phezulu kakhulu esibhakabhakeni kunanoma yiyiphi enye inyoni. Nike nasizwa isisho ukuthi umuntu unamehlo anjengakaklebe, kodwa uklebe uyimfundamakhwela ekwazini ukubona, uma uqhathaniswa nokhozi. Uklebe ungeke wabona ibanga elinguhhafu ukhozi olungalibona futhi uma uklebe uzame ukulandela ukhozi phezulu, phezulu ukuyongena ezindaweni eziphakemeyo, ubungabhubha. Ngakho-ke ukhozi ludalwe ngokukhethekileyo ukuba luhlale ezindaweni eziphakemeyo.

UNkulunkulu ufanisa abaprofethi baKhe nezinkozi. Uma uphakama kakhulu, ungakwazi ukubona ngokwengeziwe. Uma wena ubuzoya phezulu, futhi ungenalo iso lokubona phambidlana, bekungeke kwakusiza ukuya phezulu kakhulu. Ngakho uNkulunkulu, uma Esikhuphulela phezulu usinika ikhono ukuba sibone phambidlana. Ngiyakuthanda lokho. Uma uphakama kakhulu ukwazi ukubona phambidlana.

Manje uma sifaniswa nezinkozi ezincane khona-ke siyojubalala ngendlela yokhozi siyongena esibhakabhakeni. Kodwa nike naziqaphela ezinye izinyoni zizama ukundizela phezulu kakhulu na? Futhi bukani ukuthi kwenzekani; ziyosuka zilandele ukhozi ziye phezulu le, njengoba kwenza ukhozi nje, kodwa emva kokuba seziphezulu lapho ziqala ukukhononda. Zithola ukuthi azikulungeli ukuba sekundizeni kokhozi. Enye iyothi, “Ngeke ngakumela lokhu”—nenye iyokhononda ngenye into ethize. Kuyini na? Azakhelwe futhi azibizelwanga ukuba zindizele phezulu njengokhozi, futhi ziyondiza zibuyele ngqo emabandleni azo afile abandayo futhi zibulawe yindlala. Kodwa hhayi ukhozi—luntweza luqhubeke njalo njalo njalo.

Qaphelani manje ukuthi ukhozi luyojubalala kanjani emoyeni ovunguzayo. Luhlela amaphiko alo aqinile bese luntweza luqhubeke. Ngiyakuthanda lokho. Futhi yileyondlela ikholwa elenza ngayo. Aligijimi liyiswe emuva naphambili, iMethodisti ngaleliviki, iPentecostal ngokulandelayo—lihlela ukukholwa kwalo kuNkulunkulu bese lisuka lintweze, ligibele emoyeni ovunguzayo othandekayo kaNkulunkulu. Ngifuna ukunitshela isehlakalo engazibonela sona eColorado ngenkathi ngizingela lapho.

Ngoluny’usuku phezulu ezintabeni ngangikade ngizingela izinyamazane ama elki. Kwakuse eli enkathini yonyaka.

Amaqhwa ayengakafiki ukuzixosha zehle okwamanje, ngakho ngadingeka ngenyuke ngiyongena emgqeni wemithi yamapulangwe. Kwakungekho-muntu phakathi namamayela angama 70 kimi. Umgcini-zinkomo wayekade embe omunye umzila futhi sasizohlangana cishe ezinsukwini ezine kamuva. Ngabopha ihhashi lami ngalokho kusa ngase ngiya phezulu le esifundeni lapho khona iminyaka eyadlula ngangivamise ukuxosha izinkomo.

Khona manjalo kwafika imvula. Ngangena esihlahleni "esipheshulwe sawa," nemvula yedlula ngaphezulu. Lalina isikhashana libuye likhithike isikhashana, bese-ke ilanga libalela. Ngathi ukumata kancanyana ngakho ngangesula ubuso bami ngase ngihamba ngiphuma emva kwesihlahla. Ngangimi phandle lapho ngenkathi ngizwa into ethize emuva kude enhlokweni yengoxe. Impisi endala yaklewula, nomata wayo wayiphendula ezansi esigodini.

UDavide wathi, "Utwa lubizana notwa." Ngiyakuthanda okwasendle futhi ngenkathi ngizwa leyompisi endala iklewula nomata ephendula into ethize phansi kude ngaphakathi kimi yaqala ukubiza. Ilanga lalilunguza phakathi kwamadwala kumkhathizwe wangasentshonalanga. Njengoba lase liyoshona lalikhanya libhekene nezihlahla ezingawohlokisi amaqabunga lapho okwakukade kube neqhwa futhi kwabumbeka uthingo lwenkosikazi.

Kwathi nje ngaleyonkathi ngezwa umhlambi wezinyamazane ama elki engangikade ngiwulandela. Inyamazane ielki endala enkulu yakhalisa okwecilongo emuva kude ngale ehlozini elikhulu. O, ngaqala ukukhala izinyembezi. Angikwazanga ukuzibamba. Into ethize kimi iyayithanda imvelo, futhi uma "Utwa lubizana notwa ekuhlokomeni kwezimpophoma zaKho." (amaHubo 42:7) Ngavele ngancibilika. Uma kukhona into ethize phakathi lapho ibiza utwa, kuzo FANELE kube khona utwa ukuluphendula.

Ngaphambi kokuba kubekhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kuzofanele kubekhona amanzi ayo ukuba ihlambe phakathi. Ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla emhlabeni kwafanele kuqala kubekhona umhlaba, kungenjalo sasingeke sibekhona isihlahla. Eminyakeni embalwa edlule ngafunda lapho umfana omncane wayedla amarabha emapenselini nonina wamthola edla isitibili ebhayisikilini. Nokuhlolwa ekliniki kwakhombisa ukuthi umfo omncane wayekhalela isibabule. Uma kukhona into ethize kuwe ekhalela isibabule, kuzo FANELE kubekhona isibabule ukuba siphendule.

Uma kukhona okudaliweyo, kuzofanele kubekhona uMdali ukuba adale okudaliweyo. Akekho owesilisa noma owesifazane oke waze waba nokunambitha kukaNkulunkulu ngaphandle kokuthi khona manje nilangazelele okuningi kakhulu

kukaNkulunkulu. Nelula isandla ukuba nithole okuningi kakhulu kukaNkulunkulu. Uma kukhona isifiso kini sokuningi kakhulu kukaNkulunkulu, ndawondawo kuzofanele kubekhona okuningi kakhulu kukaNkulunkulu ukuba nikwemukele.

Ngabona imibala yothingo lwenkosikazi futhi kwakukhona into ethize phansi kimi ukuthi kwakungasavumi ngithule. Ngangimbona uNkulunkulu othingweni lwenkosikazi; ngangimbona uNkulunkulu ekushoneni kwelanga; ngangimuzwa uNkulunkulu ebiza; ngangizwa futhi ngibona uNkulunkulu ndawo zonke. Uma uthola uNkulunkulu ngaphakathi, uyoMbona ndawo zonke obuka kuzo. Kodwa Uzofanele eze angene enhliziyweni yakho kuqala. Uzofanele akuguqule ekubeni yinkukhu ube wukhozi. Uzofanele akunike isifiso sokwenza into ethize.

Futhi lapho ngibhekisisa, kwathi khona manjalo ngezwa ingwejeje encane yasezihlahleni zephayini. Mhlampe nina bazalwane niyazi ukuthi ziyini—zibanga omningi umsindo futhi zingafiki-ndawo. Yayilapho, ihlezi esiqwini, nje itshwekeza, itshwekeza, itshwekeza. Ngacabanga—mfo omncane, wenzani na? Yayibone ukhozi olukhulu esichothweni futhi yayikhosele phansi kwalesi esipheshulwe sawa. Kwase kuthi-ke umfo omkhulu wagxuma waphuma.

Ngathi, o ngiyabona ngwejwejwe encane yasezihlahleni zephayini ukuthi uwubangelani umsindo kangaka. Yayingangibhekisisile mina. Yayibhekisise lolokhozi. Ngathi ukuzibhekisisa imizuzwana embalwa ngase ngicabanga—Nkulunkulu, Uwushintsheleni umcabango wami usuke le laphaya ezansi uze lapha na? Yini ekulokhu na?

Nansi ingwejeje endadlana endizayo, ayibizi nopeni. Futhi nantu ukhozi oludala—into kuphela oluyenzayo ngukundizela esibhakabhakeni. Kodwa, ngacabanga, ukushintsheleni ukubuka kwami ukuba ngibuke ngapha na? Futhi lapho ngimbhekisisa umfo omdala elokhu enyakazisa amaphiko akhe. Ngacabanga, uyangesaba na? Nginesibhamu lapha; bengingakudubula ukuba bengifuna. Ngadumela isibhamu futhi ngangibhekisisa amehlo amakhulu engibuka phezu kwami, futhi lwalulokhu lunyakazisa izimpiko zalo. Ngacabanga, yebo, ngiyabona ukuthi kungani unesibindi kangaka. Nasi isizathu sokuba ungesilo igwala. UNkulunkulu wakunika amaphiko amabili amakhulu anamandla, futhi uwethembile lawomaphiko.

Ukuba kuphela besingathatha amaphiko eBhayibheli, iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe, futhi sibe nokulethemba kakhulu iZwi likaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele. Ukuba kuphela besizoba nokuwethemba okukhulu nje njengoba kwenza ukhozi emaphikweni alo! Lwalwazi ukuthi lwalungagxuma kanye futhi lube ngaphezu kwalezozihlahla zamapulangwe

futhi ngangingeke neze ngiludubule. Ngalubhekisisa futhi emva kwesikhashana lwakhathala, futhi lwasho lwagxuma kakhulu kanye lwase lubhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, futhi niyazi ukuthi lwenzani na? Alubange lusabhakuza futhi. Lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo, futhi lwendlala amaphiko alo futhi ngenkathi umoya ovunguzayo ungena lwawaphakamisa ngase ngima futhi ngalubhekisisa lwaze lwaba nje yichashaza elincanyana.

Ngase-ke ngikhala izinyembezi futhi. Ngacabanga, Nkulunkulu, yilokho-ke. Ukuba ibandla kuphela belazi ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo okukholwa ezithembisweni zikaNkulunkulu futhi lingajoyini nje zonke izimfundiso ezincane ezigqamile ezifikayo. Akusikho lokho. Kungukuhlela amaphiko akho esithembisweni saKhe noMoya oNgcwele uvele nje ukuphakamise.

Lwayishiya leyongwejeje endadlana eboshwe wumhlaba yasezihlahleni zephayini ihlezi lapho tshweke, tshweke, tshweke—izinsuku zezimangaliso sezedlule, ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, niyisigejane seziphukuphuku nje, yilokho kuphela okukhona kukho, kanjalonjalo, kanjalonjalo. Ukhozi lwahamba nje, lwaqhubekela phezulu kakhulu lushiya lowo tshweke-tshweke-lapha notshweke-tshweke-laphaya ngemuva.

Nkulunkulu sisize ukuba sithathe amaphiko okhozi, sithathe sonke isithembiso saphezulu uNkulunkulu asiphe sona eBhayibhelini. Lokho kusesizathwini, bangani, anihlali ebugqilini. Yingoba nihlela amaphiko enu esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi ngokukholwa uMoya oNgcwele waniphakamisa.

Ukhozi luhlakaza isidleke salo futhi uma kukhona noma ubani oyoba nesibindi sokuhlela amaphiko akhe esithembisweni sikaNkulunkulu, eZwini laKhe, uNkulunkulu uzokukhipha kulena elusizi, yokungalungi, yokungamesabi uNkulunkulu, impilo yokuzigabisa oyiphilayo futhi akwenze ukhululeke, futhi ujabule, ukuba uphile ngaphezu kwesono, bese uphila esimweni sendawo ejabulisayo izwe elingazi lutho ngayo. Amen.

Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi ngise zu lapho okugcinwa khona izilwane eCincinati, eOhio, futhi ngangibuka ukhozi olwalukade lubanjiwe. Kwakungukubuka into edabukisa ukwedlula zonke esengake ngayibona. Lenyoni enkulu yasezulwini yayikade yenzelwe inetha yase ibanjwa ngomunye yase iphoswa endaweni ebiyelwe.

Lowomfo bandla wayephumile endaweni ngangokuthi wayegxuma ngamandla akhe onke ashayeke ezinsimbini ezinkulu, ebhakuzisa amaphiko akhe, kuphela azithole eselele ngomhlane. Wayezishayise kulezozinsimbi zaze zathi zonke izimpiko zavithika emaphikweni alo nekhanda lalo nobuso balo kwalimala.

Lapho ngiqhubeka ngilubhekisisa, lwaluhamba ngokuziqhenya luya emuva naphambili bese kuthi ngamandla alo onke luziphose ezinsimbini, kuphela ukuba luwe nyovane futhi. Bese-ke lulala lapho phansi, amehlo alo akhandlekile ebukisisa izibhakabhaka, futhi ngacabanga ukuthi lwenziwa kanjani ukuba lungabi semhlabeni.

Luyinyoni yasezulwini; konke ukwakhiwa kwayo ngukuba luhlale esibhakabhakeni, kude ngaphezu kwalelizwe. Manje-ke ukubona inyoni enjalo yenzelwe ukujubalala esibhakabhakeni, ilala lapho. Yenzelwe ukujubalala, kodwa yabanjwa kuze kube zekufeni ngobuqili bomuntu. Ukubona into edabukisa kanje pho.

Kodwa, bazalwane, kuyinto ejwayelekile ukuhamba uphumele phandle lapha emigwaqeni yaseChicago noma yiliphi elinye idolobha futhi uthole abesilisa abadalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, benziwe baba ngamadodana namadodakazi oPhezu Konke, futhi ubathole sebeguqulwe yisono nomkhuba neminako yalokhu ukuphila. Basesimweni esibi esikude kakhulu kunoma lolokhozi lwalunjalo.

Umuntu wayengenzelwanga ukuba aboshwe. Umuntu wenzelwe ukuba akhululeke. “Lowo indodana emkhululile ukhululekile impela.” Akadingeki ukuba aboshwe. O, bekungathatha amahora kimi ukuba ngizwakalise imizwa enhliziyweni yami uma ngicabanga ukuthi abesilisa baguqulwa kanjani nokuthi abaphili kanjani emalungelweni abo abawaphiwe nguNkulunkulu.

Umuntu wenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, futhi akadingeki ukuba abe yisigqila esiboshiwe kuSathane. UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uqobo—ukuba abe yindodana. Wabeka umphefumulo phakathi kuye, nokomela uNkulunkulu. Manje-ke umuntu uzama ukwenelisa lokho koma okungcwele okubusisiweyo ngogologo, uphuzo, ugwayi, nezinhlobo ezehlukene zokuphila. Kuyihlazo ukuzama ukucima ukomela uNkulunkulu ngezinye izinto.

Baboshwe yisono—akusikho ukuthi uNkulunkulu uyakufisa, kodwa umuntu ngokugcwele uyongena kulesosimo. Bekungasisiza ukutadisha impilo yokhozi, siqaphele ukwakhiwa kwalo, bese silandela iphetheni kulo.

Ngiyakholelwa eZwini. Likhuluma ngokhozi luhlumelelisa ubusha balo. Bekucatshangwa ukuthi ukhozi kaningi impela njalo lwaluyaye luhlumelelise ubusha balo, luzilethe lona ukuba lube lusha futhi. Kamuva sithole ukuthi alubuhlumelelisi ngempela ubusha balo, kodwa okwenzekayo ngukuthi kukhona izikhathi uma seluzizwa lukahle kakhulu ukuthi luziphathisa okolusha futhi.

Ngingakufanisa lokho nemvuselelo uma izinkozi ezincane zikaNkulunkulu, nokuba zingathi ukuguga kancanyana, zithola

ukuzizwa zizintsha futhi uma kufika imvuselelo. Zithola ukuzizwa zikahle, futhi zizizwe zizintsha futhi. Ngizizwa ngingcono uma ngazi ukuthi ubukhona bukaNkulunkulu buseduzane kunoma ngenza kwesinye isikhathi.

Manje uma nizoqaphelisisa nizobona ukuthi sifaniswa kanjani nokhozi mayelana nokuthi luhlumelelisa ubusha balo. Kuqala, luyiyonanyoni kuphela ekhona engaguga konke ngaphandle, nakho konke ngaphakathi, futhi ecishe ife—futhi iyobuya isiqine kakhulu futhi ijubalale iye emazulwini njengenyoni entsha. Manje uNkulunkulu usifaniselani nokhozi na? Yingenxa yalokhu: uma "phansi udangele" konke njengoba sihlale sisho njalo, nakhu kufika imvuselelo emnandi futhi uyahlunyelelwa kuMoya. Ngike ngayibona imvuselelo ifika edolobheni nabadala nabasha ngokufanayo bayavuseleleka, futhi basine futhi bajabule eNkosini njengoba abantwana abajabule befanele.

Ngike ngababona abantu ababeboshelwe ezihlalweni ezinamasondo, naphezu kwemibhede yokufa benomdlavuza, kodwa uma umoya kaNkulunkulu ushanyela imvuselelo bahlunyeleliswa futhi bajubalala baphuma ezihlalweni ezinamasondo futhi behlika emibhedeni eyizinhlaka bethokoza! UNkulunkulu wethu omkhulu uyasihlumelelisa—Uhlumelelisa impilo yethu, Uhlumelelisa amandla ethu, Uhlumelelisa amathemba ethu, Uqhubeka njalonjalo esihlumelelisa! Amen. Niyabona, bathandekayo, yingani sifaniswa nezinkozi na? Sihlunyeleliswa nguMoya njengoba zinjalo.

Enye into engifuna niyiqaphele yile: umama khozi angeke asakhe isidleke sakhe emhlabathini. Uya esiqongweni sentaba esiphakeme kunazo zonke. Umama khozi wenza isidleke sakhe edwaleni, ondle abantwanyana bakhe, futhi ngoluny'usuku unquma ukuthi akafuni amazinyane akhe ukuba afane nezinkukhu. Inkukhu iyinyoni, njengoba ukhozi luyiyo nje, kodwa iyisidalwa esibanjwe wumhlaba. Ingabhakuza futhi indize kancane kodwa ayivamile ukuba isuse izinyawo zayo emhlabathini.

Lokhu kungikhumbuza lokho okubizwa ngobuKristu abanye abantu abanakho namhlanje. Inkolo enele nje ukubenza babelusizi. Ungahle ukwazi ukusho ukuthi unegama lakho ezincwadini, kodwa sewake wajubalalela yini emazulwini na?

Ukhozi alusenzi neze isidleke salo phansi lapha emhlabeni. Lusenza nje sibe phezulu edwaleni ngakho konke olungakwenza. Lungumfanekiso webandla likaNkulunkulu ophilayo. Kuyinhlanhla ebusiswe kanjani pho ukwazi ukuthi uNkulunkulu usifihle emfantwini wedwala laseKalvari, kude ngaphambili le kokuklewula kwesitha. O, amalungelo esinawo!

Ngokuphakeme phezulu lapho edwaleni yilapho umama khozi ezalela khona abantwanyana bakhe. Uyabakhulisa, abanakekele, phezulu edwaleni lapho inkentshane ikoyote lingeke neze lagibela. Lungaphambili le kwawo.

Ngiyajabula ukuthi sinoBaba wasezulwini ozo, uma siMvumela, sifaka endaweni lapho ukuklewula kwamademoni kungeke kwasikhathaza, nalapho isiyengo sikagologo namaklabhu asebusuku engeke asithinta, sikude ngaphambili le kwemigudu eyonakele yalelizwe nemicabango yalo engandile.

Manje uma umama khozi akha isidleke sakhe uthatha imivini nezinti namaqabunga nezingcezu zezinkuni nameva. Unakekela kakhulu njengoba engafuni izingane zakhe ezincane ukuba zihlatshwe ngameva, noma izingcezu zezinti zizihlabe. Ngakho wenzani na? Uyahamba bese ethola iwundlu bese eyalibulala, futhi uthatha isikhumba sewundlu asiyise esidlekeni bese esichaya bese esenza sizungeze aze abe nesidleke esithokomele ngempela nesinofonofo sezingane zakhe. Futhi yilokho uNkulunkulu asenzela khona. Nxa uNkulunkulu ebona ukuthi sesizozalwa ngokusha. Uyasibhekisisa ngesikhathi senkonzo ukubona ukuthi sizokwenzani—ningakukhohlwa lokho. Futhi Uzonilungiselela isidleke embusweni waKhe ngokuba Uyazi masinya oluny'ukhozi luzozalwa kuYe. NoMoya waKhe uyakufunisisa uqaphele ukuthi uzizwa ufudumele futhi ududuzeke kanjani. Futhi qaphela—uNkulunkulu akasilo yini iWundlu elenza indawo yakho yokuhlala ithandeke kakhulu futhi kube nokuthula futhi kuphephe na? UyiWundlu lesidleke sakho, indawo yakho yokuhlala! Ayibongwe iNkosi!

Khona lapha bangani ngifuna ukugcizelela lokhu: phezu kwakho konke, mthokozeleni uNkulunkulu ngendawo enhle yokuhlala Aninika yona. Khumbulani, yiziwula kuphela eziyohamba ngezicathulo ezinezipikili ezihlabayo ngaphansi lapho izingelosi zesaba khona ukunyathela. Kungidabukisa kanjani ukunizwa njengabantwana bakaNkulunkulu nikhononda futhi nivungama. Ngiyanidabukela nonke uma ninecala! Nani bantu enibiza abanye ngabagingqiki abangcwele, noma izinhlanya—ngiyanidabukela! Awazi yini ukuthi uyisiwula ngokusebenzisa izisho ezinjalo. Ake nginitshele lokhu—isiwula siyobiza omunye umKristu ngomgingqiki ongcwele, noma elinye igama elithize elihlazisayo, nezingelosi zesaba ngisho ukucabanga izinto ezinjengalezo, kungasaphathwa ukuwasho. Nani bantu eniza emhlanganweni bese nibiza imisebenzi kaNkulunkulu, uBelzabule—noma uthathe isimo sokungakhathaleli, noma uqhikize amahlombe akho bese uyashiya emva kobusuku noma obubili—ngiyakudabukela! Awazi yini ukuthi izingelosi angeke zilokothe zisho neyodwa into emelene nenye yezinceku zikaNkulunkulu, noma abantwana baKhe na? Futhi kuyo

yonke imihlangano eyenzekayo uNkulunkulu unezingelosi zaKhe lapho ukuba zisize, nalezizingelozi ziyaqapha, futhi zininakekele umhlangano wonke, bese kuthi-ke ziyalwe ukuba ziye ekhaya kanye nani ukuba ziniqaphe futhi zinigcine niphephile. Futhi khona lapha ake nginibuze—ngabe WENA ukhathalele nje njengalokhu ngomfowenu—ngabe nje ukhathalele njengalokhu ngomhlangano na? O Usenzela kubelula kanjani ukuba sihambe naYe.

Futhi manje ake sibuke umama khozi futhi. Qaphelani ukuthi uwaqapha kanjani amachwane okhozi, uqapha wonke umnyakazo awawenzayo. Ukhathalele, angeke awadedele awele ngaphandle kwesidleke. Futhi bukani ukuthi uBaba wethu omkhulu waseZulwini uniqapha kanjani—Angeke anidedele niwe. Ukhozi olunguJehova luyabaqapha abantwanyana baLo! O haleluya! Ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi besiyokwephuka izintamo zethu ngamandla kaNkulunkulu ukuba kwakungesikho ukuthi uNkulunkulu uyasiqapha. Uhlela imikhawulo yethu, Usigcina esidlekeni, bese Endlala amaphiko aKhe amakhulu phezu kwethu—uma Enza lokhu akekho ongasilimaza, noma asikhiphe esandleni saKhe, isidleke saKhe uqobo. Cabanga nje ukuthi wawungenasizo kanjani ngenkathi kuqala uzalwa nguYe—kodwa bona ukuthi Wakuqapha kanjani! Akayeki neze ukukuqapha. Sibusiswe kanje pho!

Umama khozi uqapha amachwane okhozi akhe aze abe nezimpaphe ngokugcwele. Uma esecabanga ukuthi asevuthwe ngokwenele uhlakaza isidleke. Ngikhalile lapho ngibhekisisa lokhu ngezibonisakude. Luyondiza luqonde ngasesidlekeni nangalawomaphiko amakhulu lunike amachwane okhozi ukuqhuma komoya ovunguzayo. Lunyakazisa zonke izimpaphe ezixegayo ziphume emachwaneni okhozi, ngoba luwalungiselela ukundiza kwawo ngalinye. Amachwane okhozi ayazi ukuthi kukhona okuzokwenzeka, ngoba ayizinkozi. Ayakuzwa ukuqhuma komoya onamandla ovunguzayo nesidleke sisekunyakazisweni.

Umama unikeza ukumemeza kakhulu okuthize, achaye amaphiko akhe, nalawomachwane okhozi ayizingane ezincane ngandlela thize ayazi ngemvelo ukuthi zibekwa kanjani izinyawo zawo emaphikweni akhe, athathe imilonyana yawo bese ebambelela ophapheni oluqinile olukhulu.

Umama uphendula ikhanda lakhe eliziqhenyayo bese ebona amazinyane akhe esemaphikweni akhe, bese ememeza kakhulu, ngoba ugcwele injabulo. Amachwane akhe okhozi ayayazi indawo yawo, bese esuka eya ezindaweni eziphakeme. Uhamba aphakame kakhulu nje ngakho konke angakwenza, amachwane okhozi angavungami nakanci. Ayabambelela futhi aye ezindaweni angakaze acabange ukuthi ayoya kuzo.

Asuka ayongena esibhakabhakeni futhi uma efika phezulu ekuphakameni luyawathintitha, khona impela phakathi nomoya. Uma luwathintitha, aluwashiyi odwa lushaya indingilizi enkulu, luqaphile.

Abantwana banjalo. Babhakuzisa amaphiko abo okokuqala. Bashaya ugomonqo, nakho konke okunye, kodwa bayabhakuza noma kanjani. Uma sebekhandlekile umama uvele nje acuthe ngaphansi kwabo bese ebathwala babuyele phezulu kakhulu. Ngezinye izikhathi uyobabamba ngonyawo olulodwa, nomunye ngolunye unyawo, bese ebathwala baye phezulu kakhulu. Amachwane okhozi amancane awakhathazekile ngoba awathembele ekhonweni okungelawo, kodwa ekhonweni elihlala likhona njalo likamama wawo owaqaphile. Nje anejubhili lePhentekoste eliyifeshini endala.

Bese kuthi uma seluqedile ngawo, futhi abe nakho ukudlala kwawo, lwendlala amaphiko alo bese ehlala emaphikweni alo, ebambelele ophapheni ngemilomo yawo. Luwathatha luwehlisele kwenye into entsha futhi, phansi endaweni el’hlaza’tshani. Awakaze azibeke izinyawo zawo kuleyondawo ngaphambili, ngakho nje avele agxume ehle futhi abe nelinye ijubhili. Nje awakhathazeki ngalutho nje, futhi uma seluqedile luyawathatha bese lusuka lundize luye endaweni enkulu ephakeme edwaleni futhi lapho luhlale bese luqaphela amachwane alo amancane. Maye kunoma yisiphi isidalwa esiyozama ukuwalimaza.

Izinkozi ezincane ziyazi ukuthi zibekwa kanjani izinyawo zazo emaphikweni okhozi bese zibambelela ophapheni ngemilomo yazo. UNkulunkulu uyazitshela ukuthi kanjani, nebandla likaNkulunkulu ophilayo liyazi ukuthi kubanjelelwa kanjani eZwini likaNkulunkulu, nalawomaphiko aqinile amakhulu okukhululwa bese libambelela kuso sonke isithembiso saphezulu uma kwenzeka ukunyakaziswa okunamandla. Ziyazi ukuthi kubanjelelwa kanjani—ziyabambelela ngoba zinemvelo yokhozi.

Umama khozi uphendula ikhanda lakhe eliziqhenyayo bese ebona amazinyane akhe esemaphikweni akhe. Bengihlala ngicabanga ngokuthi uNkulunkulu ubengenzani uma Ebona ibandla laKhe lithatha indawo yalo eyiyonayona eZwini, ukusibiza sonke isithembiso uNkulunkulu asenzile. UNkulunkulu ubabuka ngokuziqhenya bese eyabathanda ngothando lwangempela.

Lonke ilunga lomzimba lithatha indawo yalo ngokwendawo eyiyonayona; umfundisi endaweni yakhe; umprofethi endaweni yakhe. Usuku olunje pho, uma uNkulunkulu ethola ibandla laKhe liseZwini bese kufika amandla kaNkulunkulu bese silandela indlela yonke emaphikweni alolokhozi olukhulu lukaNkulunkulu, uMoya oNgcwele omkhulu.

Lapho ukhozi luphakama luya phezulu kakhulu luya phezulu kakhulu izinkozi ezincane azivungami nakanci. Zibeke imilonyana yazo ezimpikweni zalo, ngeke nje zavungama. Futhi yileyondlela uNkulunkulu athatha ngayo ibandla laKhe—uma ngempela ubekwa ezwini awuvungami, uvele ubambelele nje, njengoba ukhozi oluncane lubambelela. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, Angasigcina isithembiso saKhe, ngakho labo ababekwe eZwini bayabambelela.

Njengomama khozi eqaphela abakhe, kanjalo uKristu usiqaphele. Uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu futhi akwenzi mehluko ukuthi izwe lithini noma ukuthi abantu bacabangani. Nje ube nesikhathi esimnandi futhi uthokoza. Uma ungacabangi ukuthi uNkulunkulu unezinto zakho owawungazi ngazo, woza nje ugibele.

UNkulunkulu ufanisa abaprofethi nezinkozi. UMoya oNgcwele uyothatha indlela yomprofethi phezulu ekuphakameni ezindaweni zasezulwini bese umbonisa izinto eziningi ezizofezeka esikhathini esizayo. Wathatha uNahume weTestamente eLidala wamyisa phezulu kakhulu ngangokuthi wabona izimoto esinazo namhlanje, nokuthi zazishayisana kanjani emigwaqeni futhi wathi, "Izinqola zohlanya ezitaladini, zoficana emendweni ebanzi: ukubonakala kwazo koba njengezibane, ziyakugijima njengemibani." (UNahume 2:4.) UPawulu wathathwa wayiswa phezulu kakhulu wabona izinsuku zokugcina lapho khona umuntu eyoba "abangenakuthula, abahlebayo, abangazithibi, abanolaka, abazonda abalungileyo, abakhapheli, abanamawala, abazikhukhumezayo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika." (UTim. II 3:3-4-5.) UPawulu, njengokhozi lukaNkulunkulu, wajubalala wayongena endaweni kaNkulunkulu futhi wabona konke lokhu, wayeseyabuya ukuba asexwayise ngakho. O, ayibongwe iNkosi!

Uma ngicabanga ngezinkozi nabaprofethi nokuthi zindiza ziphakame kangakanani kuqhathaniswa nenkukhu ndini eboshwe ngumhlaba. Ukhozi lunqumile ukuthi amazinyane alo awazukufana nenkukhu eboshwe ngumhlaba. Luzokuqaphela lokho! Manje inkukhu ingahle ibe ngumfowenu wasehlelweni kodwa akazi lutho ngokwasemazulwini—akakaze abe phezulu lapho. Nalezozinkukhu zasesibuyeni ezindala ziyohlala ezidlekeni zazo ezindala futhi zikekele "Ayikho into okuthiwa ngukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ayikho into okuthiwa ukukhuluma ngezilimi, ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Awu, wazi kanjani na? Ayikaze ibe ngaphandle kwesibuya ukuba ithole. Ayikaze ijubalale iye emazulwini al'hlaza's'bhakabhaka ezindawo eziphakemeyo ezinkulu zokomoya zikaNkulunkulu.

Manje inkukhu iyinyoni, njengokhozi nje, kodwa inkukhu yazi kancane ngendawo yasezulwini. Ekukhulumeni ngezinkozi ngikhunjuzwa ngomlimi ngokuphumela eNtshonalanga owafaka iqanda nesiqhoqho samaqanda enkukhu. Ngenkathi lichanyuselwa laliyinto ebukeka iyinqaba ukwedlula konke. Onke amanye amachwane ayetshiyoza, futhi lwalungaqondi ukuthi ayetshiyozelani ngoba lwalukhulume ngolwimi olwehlukile. Ngiyethemba niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini. Lwawabhekisisa, futhi lwalungazi ukuthi luzokwenzenjani. Onke alusukela ngoba athi lwalungumfo omdala.

Isikhukhukazi esidala sasikukuza namachwane amancane ayekukuza, kodwa ukhozi lwalungakuqondi lokho kukukuza. Lwalungezi uma kuza amanye ngoba lwalungalwazi lolohlobo lokukukuza. Angizukusho okuningi kakhulu kodwa ngiyethemba niyakwazi engikhuluma ngakho.

Umntwana kaNkulunkulu ozelwe ngokusha ngempela akaziphathisi okwabantu bezwe. Bathi bangabebandla, kodwa awukuqondi ukukukuza. Wazalwa ulukhozi. UNkulunkulu uyabazi abaKhe.

Ngelinye ilanga zaziphandle esibuyeni nomama khozi kwenzeka wandizela phezu kwaleyondawo. Lapho endiza edlula, isithunzi sakhe esikhulu sashwibeka phezu kwesibuya. Wabheka phansi, wayeseyalubona olwakhe. Walumemeza kakhulu futhi ngenkathi enza umfo omncane waphendula ikhanda lakhe wayeseqala ukubheka phezulu. Ngenkathi ebheka phezulu, lwamemeza kakhulu, “Woza, awusiyo inkukhu; awusuye owalapho, ungowami!”

Ukhozi oluncane lwamangala ukuthi luzokwenzenjani, ngoba lokho kwakuyilokho olwalukufuna futhi. Bangahle babe baningi owukhozi ongilaleleyo obehamba egcekeni elithize lehlelo isikhathi eside. Ngethemba ukuthi Uyakubiza futhi uthi, “UngowaMi.”

Lwalubiza, “Nje yenza ukugxuma okukhulu kokuqala, bese ubhakuzisa amaphiko akho.” Lwenza ukugxuma kokuqala, lwabhakuzisa amaphiko alo, lwathola ukuthi lwalungasaboshiwe ngumhlaba, ngoba manje-ke lwase luphezu kwesigxobo sesibuya. Lwathi, “Ndodana, yenyukela phezulu kakhulu, nikeza okunye ukugxuma futhi ngizokuthwala emaphikweni ami.” Ibandla likaNkulunkulu ophilayo elikudingayo ngukugxuma lisuka emigoqweni yobuhlelo, lisuke kuzo zonke izimfundiso ezigqamile, nokuthi lidedelwe. Isikhathi sokuhlakaza isidleke sesifikile vele, kodwa sidinga okunye ukugxuma. Sesihambe saze sayofika esigxotsheni sesibuya, kodwa sidinga ukuthola ukukhululeka futhi sigibele emaphikweni aKhe okokuba undize ngawedwa kokuqala.

Ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu unabantwana kuzozonke izindima zempilo bona, uma bezwa iVangeli linamandla kaJesu Kristu, abazi ukuthi yiphimbo laKhe.

Ngangigotshiswe phansi konke nenhloko enkulu yehlelo emva kwami, kodwa ngoluny'usuku ngezwa iPhimbo livela Phezulu. Lalingaveli ekomkhulu, lingaveli egoseni, lingaveli ebhodini yabadikoni, noma livela kumbhishobhi—ngezwa ukumemeza kuvela ezulwini. Ukuxhuxhuma kwangempela okunje pho okwanika inhliziyo yami!

Inkathazo ngukuthi lezizinkukhu zasesibuyeni azazi ukuthi zikukuzelani. Azisizo izinkozi, kodwa nje izinkukhu ezindala zasesibuyeni ezingakaze zifake amandla kaNkulunkulu esivivinyweni. Azikaze ziphiliswe, noma ziphiliswe ngoMoya oNgcwele omkhulu, azikaze zisine, noma zikhale izinyembezi eMoyeni. Kodwa ukhozi—lunakho konke lokhu futhi ngisho nangaphezulu—lujubalale luye phambili luyongena ezindaweni zasezulwini.

Khona lapha ngifuna ukwenza iphuzu kinina bantu bePentecostal—yiqiniso elilula engizolikhipha nesinye isifundo ngokhozi. Umama khozi uhlakaniphe kakhulu—uyazi ukuthi ingane yakhe ngeke nje ihlale esidlekeni yonke impilo yayo. Izofanele iphume futhi isebenze futhi izenzele yona. Ukhozi oluncane lunakho konke kuthambe kakhulu esidlekeni, luhambahamba esikhunjeni semvu, futhi londliwa nsuku zonke ngumama khozi—ngani, alunandaba ezweni! Lujabula kakhulu esidlekeni—njengalowo nje osanda kuthola uMoya oNgcwele futhi ocabanga ukuthi angahamba okhele izwe ngomlilo. Kodwa niyazi ukuthi nje ngeke lwahlala esidlekeni sonke isikhathi futhi nje luphile ngezibusiso. Futhi yileyo indaba ngebandla lePentecostal.

Lalelani nina zinkozi zePentecostal! Nihlala isikhathi eside kakhulu esidlekeni. Nakani lokho umama khozi omkhulu azokwenza—uyofika esidlekeni nangomlomo wakhe omkhulu uyoqala ukudlibhiza yonke into iphume esidlekeni okusenza sithambe futhi sibe lula ebantwaneni bakhe. Ujikijela ngaphandle isikhumba semvu, noboya bukanogwaja, nokugxishiwe, bese enza isidleke sibe lusizi kakhulu ngangokuthi izinkozi ezincane azikwazi ngisho ukuhlala phansi—uma zihlala phezu kwezinti, noma phezu kweva, noma zithole ukugqulwa yitshe.

Uyazi ukuthi uNkulunkulu angakwenza uvume ukwenza into ethize na? Lokho kwenzeka kwabaningi bethu. Uvele nje ahoshe okugxishiwe kithi emabandleni ethu amahle afakwe izimpaphe, uphephula izimpaphe zisuke, futhi ngokushesha sithola ukuba lusizi kakhulu futhi sicasuke, futhi ngiyacabanga uma kungake kwenzeke ibandla lePentecostal lifanele ukungathokomali futhi licasuke, kumanje! Ngempela sigxishe izidleke zethu, o yebo! Kodwa bukani ukuthi uNkulunkulu wenzani! Udlibhiza izidleke zethu, Uzenza ngempela zingathokomalisi. Ukwenzelani lokhu na? Ukwenza uvume ukushiya ihlelo lakho bese uphuma uziqalisa

wena—njengoba nje umama khozi ekwenza kube lusizi kakhulu kubantwana bakhe bangafuni ukuhlala esidlekeni, futhi bayaphuma bese bejubalala emazulwini lapho abangabakhona.

UNkulunkulu unezindlela eziningi zokusenza sivume ukuba siphume futhi siqalele Yena: Angasusa othandekayo kuwe; Angavumela ukugula kukushaye. Ufanele akwenze lokhu ngoba uvuma kakhulu ukuba ubenakho kube lula kwelinye ibandla noma ihlelo uma kukhona umsebenzi okufanele wenziwe. Akafuni ukuba uminyane esidlekeni yonke impilo yakho, kungakhathaleki ukuthi Ukwenze kwaba kuhle kanjani kuwe. Ukubheke ukuba ube nesifiso sokuba uphume futhi wenze okungaphezulu kunokuba ubusiswe nje—Ufuna ukuba umsebenzele—ukuba ube wukhozi futhi ukhulise umndeni wakho uqobo, wondla ezinye izingane zokhozi.

Umama khozi, ngaphambi nje kokuba luthathe umndeni walo omncane uphume uyondiza okokuqala, luyokhuphukela esidlekeni bese luma phezu kwazo. Luyabona ukuthi zinezimpiko eziningi kakhulu ezixegayo ngakho uqala ukushaya ngamaphiko akhe amakhulu ngomfutho omkhulu—futhi he, izimpaphe ziphuma zindize esidlekeni futhi masinya izinkozi ezincane zonke izimpiko ezixegayo zipheshulwa zisuke kuzo. Namhlanje umama khozi wethu omkhulu (uJehova) uthathe indawo yakhe phezu kwesidleke samaPentecostal futhi ushaya ngamaphiko akhe amakhulu ephephetha ngamakhulu amandla izimpiko ezixegayo ziphume ebandleni. Ibandla lePentecostal alikwazi ukusuka lindize liye kuNkulunkulu ngesigejane sezimpiko ezixegayo! Ngani, sekufike endaweni lapho ongasakwazi ukwehlukanisa owesifazane oyiPentecostal nowesifazane webandla lezwe lesimodeni—uphungula izinwele zakhe, ugqoka izingubo ezimpintshayo, upenda ubuso. Yini indaba na? Ngizonitshela—izimpaphe eziningi kakhulu ezixegayo.

Nani besilisa enishumayela ngalesisitayela seHollywood egqamile—ngiyanidabukela! Nifanele ukuthi nigcwele izimpaphe ezixegayo ukuba nindizele phansi kangako futhi nishumayele izinto enizenzayo. Nani malunga ebandla enibuka itelevishini—izimpaphe zenu zixega kakhulu, nilalela uArthur Godfrey noElvis Presley nazo zonke lezozinto zokungamesabi uNkulunkulu. Manje-ke niyamangala ukuthi kungani ningenakundiza kuMoya oNgcwele. Niyamangala ukuthi kungani uNkulunkulu engabuyiseli iziphiwo ebandleni. Ngizonitshela ukuthi kungani—uNkulunkulu akanamuntu azobuyisela isiphiwo kuye! Abashumayeli abaxegelwa yizimpiko abangayikulishumayela iqiniso—Ngiyanidabukela!

Khumbulani lokhu nje—uma ungafuni ukuhlala esibuyeni esidala nezinkukhu, kungcono uhlakaniphe. Ngani, inkukhu ayinazo izimpaphe ezenele ukuba ziyisuse emhlabathini—futhi

yilawomandla kuphela nina maPentecostal eninawo. Uma ningaqhubekeli phambili noNkulunkulu nibabi impela njengebandla elingakaze likholelwe kulezozinto ezijulile zikaNkulunkulu endaweni yokuqala.

Ibandla lidinga ukundiza. Sidinga ukuyongena ezibhakabhakeni ezingaziwa, ezingafinyeleleki. Ungazinzeli ekuhambeni esibuyeni. Asilungiselele ukujubalala siye ezindaweni zasezulwini. Sithathe uNkulunkulu eZwini laKhe. Ungeke wakwenza lokho ezivumwenikholo ezincane, nezimfundiso, nezimpiko ezixegayo. Lowomlilo mawuvuthe phakathi kwenu ubusuku nemini ukunenza nazi ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu WENU, futhi uzonenza nithathe ukundiza kwenu naYe niye ezindaweni ezingaziwa. Yazini lokhu, ukuthi Uyaliqaphela ifa laKhe ubusuku nemini funa omunye umuntu akuhlwithe esandleni saKhe. Niyifa laKhe, ayidunyiswe iNkosi. Yimani, melani Yena; Uma sima futhi sivumele uNkulunkulu asihlanze kuzozonke izimpiko zethu ezixegayo kuyovela inhlokomo ezulwini njengomoya onamandla ovunguzayo, futhi siyoya phambili njengoba kwenza ibandla lasekuqaleni.

Uzofanele uthathe isinyathelo ukuba ukwenze uma ufuna ukuya kwezasemazulwini, njengoba kwenza izinkozi zikaNkulunkulu. Uzofanele ushiye ibandla lakho uma lingeke lihambe nawe. Uzofanele ushiye konke, futhi ugxume uye phezulu ngakho konke ongakwenza uye ngakuYe, khona ke Uyogijima abe ngaphansi kwakho ngomoya onamandla futhi akuthwale uye phezulu. Anginitsheli ukuba nishiye umbuthano wenu noma ibandla lenu elincane, kodwa nginitshela ukuba nithathe isinyathelo niye emaphikweni kaJehova—nikhuphukele phezulu kakhulu. Uma ningakaze niphume esidlekeni sehlelo lenu sekuyisikhathi sokuba niphume futhi nenze ukundiza kulombuso waKhe omkhulu obanzi kakhulu. Sekuyisikhathi sokwazi konke Anakho kwakho nakho konke okukhona eMbusweni waKhe. Kunokuningi kakhulu kukho kunokuba yilunga lebandla, mngani.

Njengoba nje ukhozi luhlakaza isidleke salo, ngezinye izikhathi uNkulunkulu wenza into efanayo ebandleni. Uma nje sesithola konke ukuzinza entweni ethize, uNkulunkulu uhlakaza isidleke. Waletha uMartin Luther wamkhipha ebuKatolikeni, base-ke beba nesitashi kakhulu Wahlakaza isidleke wayesethumela uJohn Wesley. Baphinda baba nesitashi ngakho Wathumela uFinney. Yisikhathi sokuhlakaza isidleke futhi ngoba sesiphinde sazinza futhi namanje.

Uthumela umoya onamandla ovunguzayo bese uphephula zonke izimpiko ezixegayo. Ungeke waba nezimpaphe ezixegayo uma undizela uNkulunkulu ungawedwana. UNkulunkulu uhlakaza isidleke bese engena ngomoya onamandla ovunguzayo njengoba Enza ngosuku lwasePhentekoste, futhi zonke

izimpaphe ezindala ezixegayo zindiza ziphume. Uthumela imvuselelo yasePhentekoste bese ezamazamisa isidleke. Uma ubona isikhathi sokuzamazamisa siza, izinkozi sezilungele isibusiso. Ibandla selilungele into ethize.

Asihlele amaphiko ethu esithembisweni sikaNkulunkulu, eZwini laKhe, nangokukholwa sivumele uMoya oNgcwele asiphakamise. Amen.

Izolo kusihlwa kubekwe enhliziyweni yami ukuba ngikhulume ngendaba yesandla esiloba odongeni, neNkosi yasibusisa. Ngiyamangala ukuthi uMoya oNgcwele ukwembule kanjani kithi lapho Engigcoba ukuba ngikhulume, nani ukuba nizwe izinto zikaNkulunkulu esezisondele kakhulu. Niyakhumbula izolo ebusuku ukuthi ngilifanekise kanjani iBabiloni elikhulu lasetestamenteni elidala futhi ngathola ukuthi sisohlobweni olufanayo lwesimo njengoba babenjalo lapho khona isandla esiloba odongeni sabonakala kubo odongeni. Namhlanje lapha eMelika yizimo ezifanayo ezanqoba ngaleyonkathi, ubuqotho bethu buphansi ngokuxakile futhi buthakathaka, sitholakala siphuza iwayini, futhi senza abesifazane babe nguNkulunkulu wethu. Njengoba benza nje, sizithola senza namhlanje, futhi siyazi ngaphandle kokungabaza izinsuku zethu nazo zibaliwe. Siyalinganiswa esikalini futhi safunwa silula.

Isono siyafana noma kuphi, noma ngasiphi isikhathi. Ungahle isono usenze sibukeke sisihle futhi usifihle phansi kobukhazikhazi futhi usigqokise, kodwa siselokhu siyisono. Isono sihlakazeke ndawo zonke ngoba senziwe ukuba sibukeke singubukhazikhazi kakhulu emehlweni abantu lapha eMelika. Ngicabanga njalo ngento embi uphuzo oselube yiyo. Ngiyakhumbula ngisengumfana ukuthi uphuzo lwalubizwa ngonyezi, noma iOld Charlie Barleycorn. Namhlanje selusemabhodleleni ahlotshiswe ahlotshiwa phansi kwamagama amahle futhi selufakwe ngisho imibala emihle—kodwa kuselokhu kuyimvubelo efanayo endala ebolile kadeveli. Futhi bukani ugwayi—eminyakeni eyedlula ugogo omdala wayengathatha ipayipi lehleza lommbila alibheme uma ephethwe yizinyo, kodwa bukani ukuthi lowodeveli usethandwa kangakanani ngabantu namhlanje. Omama, amadodakazi, futhi ngisho nabantwana abancane bayabhema namhlanje—futhi kuthandwa ngabantu ukwenzenjalo, kodwa kuyisono ngokufanayo nje—sifihlwe phansi kwelinye igama. Kwakuvame ukuba yiphutha ukuba abantu bagembule, futhi ukuze kwenziwe kanjalo umuntu kwakudingeka aye endaweni yabanegama elibi ukuyokwethamela iphathi yokugembula. Kodwa kubukeni manje! Kwakuvame ukuthi abesifazane, lapho behla ngomgwaqo bawelele ngakwelinye icala kunoma bedlule emnyango wenkantini. Kubukeni manje: lapho phakathi ubeka unyawo lwakhe phezu komshayo wase bha futhi ashiye abantwana bakhe

ekhaya nomgadi wengane, ukuba abe yimpukane yase bha esikhundleni sikamama—uthandwa kakhulu ngabantu. Konke kuyisono noma ngabe kuthandwa ngabantu futhi kusesitayeleni noma qha, futhi uNkulunkulu uyasizonda isono futhi Uyokwenza uhlawule ngesono sakho ngoba UnguNkulunkulu oNgcwele, futhi uNkulunkulu oNgcwele angesibekezelele isono. Isono sidinga ukufa, nalabo abonayo sebevele bafile eziphambukweni zabo.

Njengoba sibuka ububi obukhulu obusishaya ngezinhlupho namhlanje, singabona nje ukuthi ngapheshaya komkhathizwe baqhuba izahlulelo ezizayo ezinkulu kulelizwe, ngokuba uNkulunkulu angesiyeke sizedlulele nesono. Ubengebe nguNkulunkulu olungileyo uma Esiyeka siphile ngendlela esiyiphilayo futhi sizedlulele nesono. Uyosenza sihlawule ngesono sethu, futhi njengoba ngishilo ngaphambili, ngiyasho futhi, uma uNkulunkulu olungileyo waseZulwini esiyeka sizedlulele nesono sethu Uyodingeka avuse iSodoma neGomora futhi axolise kubo ngokubabhubhisa, ngokuba sibabi nje njengoba babenjalo, mhlawumbe ngaphezulu.

Noma ubani onomoya kaNkulunkulu ophilayo enhliziyweni yakhe impela ufanele akuzwe ukuqhuma okushisayo kokwahlulelwa okuzayo osekuzoshaya izwe. Emoyeni wakho ungehlukanisa futhi wazi ukuthi kukhona into ezokwenzeka. Umhlaba wonke uyaqhaqhazela futhi ukhathazekile, izizwe ezincane, izizwe ezinkulu, ngokuba ezandleni zamakhomanisi nabangamesabi uNkulunkulu, amabi, amadoda aphendukezelwe kulele amandla okuguqula lelizwe libe yimilotha ngesikhathi esingumzuzu owodwa. Konke lokho okubavimba bangenzi kanjalo yisihawu nokubekezela kukaNkulunkulu—Angeke abayekele bakwenze. Sifanele sikukhumbule lokho futhi sibonge kuNkulunkulu ngokunakekela kwaKhe kwaphezulu ebandleni laKhe. Sifanele sikukhumbule lokho! Besingaba yisikhonzi saseRashiya kungakasi—nokho sihlezi singanaki, futhi siyaqhubeka nje.

Izwe seliphenduke laguliswa yimizwa ngangokuthi ngisho nezazi zezifo zengqondo qobo lwazo zinokuguliswa yimizwa. Amadoda adumile esayense awazi ukuthi kwenzekani—ayabhadazela phansi kokuthonya kwempi yemizwa okwenzekayo emhlabeni jikelele. Onke amadolobha, onke amaplazi, yonke imigwaqo, zonke izindawo uhlangana nendawo ezungezwe ububi bobumnyama ngokungenasihawu kuzongolozela umhlaba. Kodwa umntwana kaNkulunkulu ogcwaliswe ngomoya uyazi uqaphele ukuthi kwenzekani—uyayazi impendulo—iNkosi iza masinyane, neZwi likaNkulunkulu lizigcwalisa lona ngokushesha okukhulu ngangokuthi ngozelwe ngokusha ngeqiniso, ogcwaliswe ngomoya, umKristu oholwa ngumoya ongaqhubeka futhi abe ngaphezu kwebhodi ngalelihora. Izwe lihamba lindwaza, lazi

ukuthi kukhona okungalungile kodwa lingaboni sixazululo ngoba abanakukhanya kokubaholela esixazululweni. Ngakho bakwenza umdanso werokhi endi roli bakukhiphele esikhathini esimnandi ukuze bakhohlwe nokuba baphunyuke ekuqiniseni kwemizwa okubaxinayo. Nalawa abandayo, amabandla ngegama nje ahlubuke kwaze kwabamanje (amaPentecostal nawo abaliwe) athola ezinye izindlela zokususa izinkathazo ngoba bayehluleka ukwemukela impendulo evela kuNkulunkulu ezobenzela indlela yokuphuma. Kunokukhuleka babhobokele kuNkulunkulu ukuba agudluze ububi obushaya izwe ngezinhlupho futhi bakhululeke kukho bangaqoka ukuvumela ukuziphumuza futhi babuke iTV, babe namasapha namaphathi okuthunga, bagijimele emabhishi okubhukuda nezindawo zemibuthano yokwezwe, bashumayele izinkonzo ngezimbali nezinyoni ezil'hlaza' s'bhakabhaka, futhi ngokugcwele babeke eceleni izindaba ezisemqoka ngempela nezibusiso zikaNkulunkulu—Ongaphilisa futhi enze izimangaliso futhi avuse abafileyo, nawo onke amanye amaqiniso asebeyekile ukushumayela. Uma nje kufanele bashumayele lezizinto kanzima ukwedlula ukuba bangasho-zwi. Ngani na? Ngoba bahlubukile. Esikhundleni sokukhuleka babhoboke futhi babambelele kuNkulunkulu bayayeka ukuqhubeka nemihlangano yomkhuleko, futhi ngenkathi benza lokho badingeka bazibambise ngento enjengokuhlangana kokuthunga kwezenhlaliswano noma bagijimele enkundleni yegalofu. Uma ufuna ukuphunyuka ebubini bezwe bambelela kuNkulunkulu, ungayeki. Kungabukeka kumnyama kakhulu kunosekwake kwenzeka kodwa uma ungaqhubeki nokukhuleka futhi ufuna uNkulunkulu awusoze wayithola impendulo. Qhubekani nokubambelela bangcwele. Uma ihlelo lenu seliyekile futhi lenqaba ukukhuleka nokunaka ukugcwala kukaNkulunkulu kulelihora bese nibhekana neqiniso elimsulwa, bese niyeka ibandla lenu bese nithola lelo eLIbambelele!

Esikhundleni sokukhuleka nibhoboke, nikhuleka niyeke. Yin'indaba ngani maKristu anemihlane entekenteke na? Niwise imigoqo. Impela kwakulula kabi ukuwisa imigoqo—nanicabanga ukuthi naningeke nibe nokucindezela okukhulu kangaka okuvela ezweni. Awu nizothola inqwaba yokucindezela ngolunye lwalezizinsuku futhi nizothola ukuthi kwakuyoba lula kakhulu ukubamba imigoqo kunokuhlushwa ukwahlulelwa kokuyiwisa. Senake nama ukuba nicabange ngoJosefa othandekayo na? Ukuba-ke wayeyekile futhi wayeka ukukhuleka ngenkathi esemgodini wetilongo leziboshwa na? Uma noma yimuphi umuntu wayenelungelo ukushiya kuNkulunkulu nokuyeka ngoba wayebonakala sengathi ushiyiwe, kwakunguJosefa. Waphoswa emgodini wetilongo leziboshwa ngokuthatha isinqumo sokumelana nesono. UNkulunkulu wayengamvumela kanjani ukuba aphoswe etilongweni kanti wayenze isinqumo

esikhuthazayo nesethembekile sikaNkulunkulu na? Impela uJosefa wayenelungelo lokuvukela nokuhlubuka angene esimweni esibandayo emva kwento enjengaleyo! Wayengaba ne—kodwa wakhuleka futhi wayesalokhu ekholwa enzela okungaphezu kwemvelo, futhi wabheka ESANDLENI ESINAMANDLA UKUBA SIMKHIPHE. Bangaki abenu bashumayeli beHollywood Pentecostal enaniyobambelela njengoJosefa na? Iminyaka emide emithathu emgodini wetilongo leziboshwa elingcolile eligcwele izilwanyakazana namadoda anezimvelo ezimbi nahambisana nawo njalonjalo. Kucabange, iminyaka emithathu emide—kodwa wabambelela kuNkulunkulu, wabambelela emkhulekweni, akaxegaxeganga. Amaviki ahamba angena ezinyangeni, nezinyanga zangena eminyakeni, uNkulunkulu wayesalokhu engakamkhiphi. O wayengayeka, kodwa qha, hhayi uJosefa—wayezelwe ngokusha, wayengeke ayeke, into ethize phakathi kwakhe yamemeza kakhulu njengoba yenza ngoJobe, "Nakuba ungibulala, nokho ngiyokwethemba." Wabambelela iminyaka emide emithathu, wayeseyamkhipha-ke uNkulunkulu ngesandla saKhe esinamandla.

Wakhipha uJosefa ngesibonakaliso esingaphezu kwemvelo, futhi selokhu kwasukela ngosuku uJosefa asuka ngalo emgodini wetilongo leziboshwa okungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu kwamphelekezela noma ngabe wayeyaphi. Ngiyasho kulobubusuku ukuthi uma ibandla liyokhuleka, o likhuleke futhi libambelele, ukuthi ngoluny'usuku liyovuka noNkulunkulu uyolikhipha ngesandla esinamandla futhi alembathise amandla avela phezulu njengoba Enza ngosuku lwePhentekoste, futhi njengoJosefa bayoya phambili ezweni ngokungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu kunabo. Hlalani nethembekile, ukukhululwa kuyeza masinyane Bandla. Ngikholweni njengenceku kaNkulunkulu ngikhuluma iqiniso.

Ibandla likaNkulunkulu ophilayo lingavivinywa okwesikhathi manje, kodwa amadodana namadodakazi azelwe ngokusha manje aseholwa ndawonye futhi ahlatshwa umxhwele nguMoya oNgcwele ukuba aphume ezweni nazo zonke izibopho zalo. Ngiyazi ukuthi singakwenza kuphephe kubo bonke ububi obuyokwenza kulelizwe kuphela uma simnakisisa uNkulunkulu. Kodwa umuntu ngeke alalele, ngisho nakuba iphimbo elixwayisayo likaNkulunkulu likhuluma usuku nosuku umuntu usalokhu efisa ukuphila esonweni—nomKristu, kubonakala sengathi, uyathanda ukubhukubhukuda ezintweni zezwe.

Isikhathi sesihambile kunoma sicabanga, kodwa abantu abaningi bacabanga ukuthi banenqwaba yesikhathi. ImiBhalo, nokho, imemezela ngokwehlukile. UJesu wathi, "Kanjalo njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti, kuyakuba njalo ngosuku lokufika kweNdodana yomuntu." Asibuke ukufika kwembubhiso nokwahlulelwa

njengoba kwafezeka emihleni kaNowa noLoti. Bobabili bayimifanekiso nezibonelo zembubhiso yesithathu eZwini likaNkulunkulu.

Ngaphambi kokuba uNkulunkulu afike ukuba abhubhise iSodoma neGomora, noma ngaphambi kokuba Abhubhise umhlaba ngamanzi, Wathumela ubizo lwesihawu ngempela. Qaphelani ukuthi uEnoke wafika kanjani futhi washumayela waphikisana nesono—noNkulunkulu wathumela ingelosi futhi, futhi Wathumela umprofethi waKhe uNowa. Kodwa abantu benzani na? Badla, baphuza, bakha, futhi kwakuyi "wayini, abesifazane, neculo," futhi bawenqaba umlayezo kaEnoke nokaNowa. Umlayezo kaEnoke noNowa wawunguMusa, isiHawu, nokuKhululwa, kodwa umlayezo waliwa, futhi baqhubeka nokona—njengoba benza nje namhlanje. Izwe langalolosuku lalinamadoda adumile afundile, futhi kuyizinqubekela phambili ezinkulu zesayense, futhi abeka ithemba lawo ekwazini okungokwawo kunaseZwini likaNkulunkulu, noma abaprofethi bakaNkulunkulu, ngakho uNkulunkulu wenqatshwa yibo—ngakho-ke uNkulunkulu naye wajika wabenqaba. Ngenkathi amanzi okwahlulela efika athatha ikholwa aliyisa ekuphepheni, kodwa ongakholwayo ekufeni nasekuhlushweni. Kwakungamanzi afanayo abhubhisa ongakholwayo athatha uNowa amyisa ekuphepheni. Namhlanje ngumlayezo weVangeli oyobhubhisa ongakholwayo, bese uthatha ikholwa liye ezindaweni zasenkazimulweni futhi uyohlwitha amadodana kaNkulunkulu ngaphambi kokuba kushaye ukwahlulela. Ibandla liyothwalwa ngokuphepha ledlule kukho. Amen.

Sizama ukuletha umlayezo wokungaphezu kwemvelo kombono wenhliziyo yethu ositshela ngesikhathi sokuphela sesisekupheleni, kodwa ibandla lesimanje liyawenqaba njengoba kwenza abakubo kaLoti. Abantu bayahleka futhi bahlekise ngokungaphezu kwemvelo, njengoba nje abakubo kaLoti bahleka futhi bahlekisa ngaye. Ngiqaphelile futhi ukuthi lapha ngabanye abashumayeli abangezukushumayela umlayezo wokufika kwaKhe masinyane—bayoyedlula lendaba esemqoka, noma bayoyedlulisela kubalandeli babo ukuthi ngeyesizukulwane esilandelayo emva kwabo. Kodwa iqiniso ngukuthi lo yi, ngikholwa ngenhliziyo yami yonke, isizukulwane sokugcina noNkulunkulu wehlile evela enkazimulweni ukuba abhaphathize ibandla ngamandla aKhe. UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo," nevesi elilandelayo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kubukeni ebusweni balokho okukufanele—ukuthi yisiphi esinye isizukulwane esemukele lokhu ukukhanya futhi saveza lemisebenzi kaNkulunkulu selokhu kwaba wusuku lwebandla lasekuqaleni na? Ibandla lasekuqaleni lalinalenkonzo efanayo,

kwase kuthi-ke iminyaka yezikhathi zobumnyama yaqala, futhi manje ukuphela sekuseduzane namazwi kaJesu ayavutha ezinhliziyweni zabantu baKhe futhi, ngokuba Wathi, "Hambani niye ezizweni zonke futhi nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo, futhi uma lokhu kwenziwa khona-ke kuyakuba ngukuphela kwesikhathi." Aniboni yini ukuthi ibandla likaNkulunkulu lembathiswa amandla njengoba lalinjalo ngenkathi liqala na? Amadodana aKhe nomlayezo ofanayo womusa nesihawu nokukhululwa nezibonakaliso iBhayibheli elakhuluma ngazo ziyabalandela—kanjalo zibonakala emazulwini. Noma ubani one awunsi lokubona kukamoya bangazibonela bona ukuthi lesi yisizukulwane esizogcwalisa iZwi likaNkulunkulu.

ULoti wayengumuntu olungileyo iBhayibheli limemezela kanjalo, kodwa izono zabantu bakhe neSodoma zezwakalisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla, njengoba kwenza izinhliziyo zamadodana kaNkulunkulu eqiniso namhlanje. ULoti wayeyibonile impendukezelo nokusetshenziswa ngendlela engalungile komzimba womuntu, imikhuba yokuphuza imithi esanganisa ikhanda, izidakwa, nobuhlongandlebe bentsha, kodwa abakubo kaLoti bambhinqa, futhi abamkholwanga. O sengiyabezwa behleka uLoti, bethi "Lingabhujiswa kanjani idolobha elikhulu njengeSodoma nawo onke amandla alo amakhulu nezinqubekela phambili ezinkulukazi zesayense na?" Futhi basho izinto ezifanayo namhlanje, "Lingabhujiswa kanjani izwe ngomlilo, lingafika kanjani ekupheleni na?" Beqhubeka njalo njalo beqeketha . . . Bafowethu bami abathandekayo, ngizonitshela ukuthi lizophuma kanjani—iZwi elifanayo elakhuluma kwabakhona izwe liyokhuluma lingabibikho—ngeZwi leNkosi kwakhulunywa labakhona, futhi ngeZwi leNkosi kuyokhulunywa lingabibikho. Nkulunkulu sihawukele lesi esimpofu, esokuhawukelwa, esiphuphuthekile, isizwe esilusizi. Selibe ngelicebile futhi landa ngezimpahla, kodwa lihamba-ze phambi kukaNkulunkulu kepha alazi. Ukubona okubi kanje pho!

Ake sibheke ukuthi kwenzekani ngaphambi kokuba iSodoma lifihlizwe nguNkulunkulu. Ngifuna niqaphele ukuthi iSodoma lacinywa ngumlilo, futhi ngesikhathi sikaNowa izwe lacinywa amanzi. UNkulunkulu wenza isivumelwano nomuntu ukuthi ngeke Esalibhubhisa izwe ngamanzi futhi, kodwa Akenzanga sivumelwano nomuntu mayelana nomlilo—ngaphambi kokuba Akwazi ukubhubhisa izwe ngomlilo futhi angalephuli izwi laKhe. UPetru umphostoli wakubona lokhu futhi wakhuluma ngakho.

Ngaphambi kokuba uNkulunkulu abhubhise iSodoma Wathuma ingelosi yaKhe ukuba yexwayise uAbrahama. Ngani na? Ngoba uAbrahama wayeyilowo owaphila ngeZwi futhi waligcina iZwi. Zifika kanjalo izingelosi kumuntu—ngoba

bagcina iZwi likaNkulunkulu. Izingelosi ezintathu zafika kuAbrahama futhi zamtshela (umprofethi kaNkulunkulu omesabayo uNkulunkulu) ukuthi uNkulunkulu wayezobhubhisa iSodoma. Bhekisisani ukuvakasha kwalezizingelosi ezintathu—zaziletha izindaba zesixwayiso sokugcina sembhubhiso. Nezingelosi zasuka endaweni ka-Abrahama futhi zaqhubekela eSodoma ukuyotshela iSodoma ngokwahlulela okusalindile. ISodoma ngokuphendula lahleka izingelosi futhi bafuna ngisho nokwenza ububi ezingelosini. O kanjani njengalawo abizwa ngamabandla ezwe namhlanje. Nendoda yangempela ethunywe nguNkulunkulu iyongena edolobheni labo futhi bayofuna ukwenza ububi kuyo futhi balimaze kunoma bame emva kwayo futhi bayeseke futhi bayixhase, futhi bawunakisise umlayezo. Kodwa iBhayibheli lithi bayoba njalo, likhuluma ngezinsuku zokugcina ngokuchachileyo, “Abantu bayakuba ngabathanda izinto zezwe, abanamawala, abazikhukhumezayo, abangenakuthula, abahlebi, abazonda abalungileyo.” Wena uthi, “Mfowethu Branham, labobantu kufanele ukuthi bangamakhomanisi.” Qhabo abasiwo—babizwa ngokuthi bangamaKristu, benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha amandla akho bewaphika—bephika umlayezo wosuku lokugcina, bephika okungaphezu kwemvelo, bala ukunakisisa.

O kodwa kubusiseke kanjani ukuphumula kuNkulunkulu nokukholwa, nokuphiwa umvuzo njengoba uLoti wabanjalo noNowa wabanjalo—wakhethwa ngokwethembeka kwethu nomusa waKhe ukuba aphunyuke. Senake nalifunda iZwi ngalendlela mayelana nozamcolo na? Ngaphambi kokuba ithonsi elilodwa lemvula lehlele emhlabeni. UNowa wahamba wangena emkhunjini—futhi ngaphambi kokuba ibhola elilodwa lomlilo lehle livela ezulwini phezu kweSodoma, uLoti wakhishwa eSodoma. NoJesu wathi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo emhleni wethu wokufika kweNdodana yomuntu. Isandla esilobayo sisodongeni, bandla. Phaphamani! Uma umbhalo usodongeni, kusondele kangakanani-ke pho ukuhlwithwa kwebandla na? Kucabange—uNowa wangena emkhunjini eyophepha, noLoti waphuma eSodoma ngesizathu esifanayo. Omunye waphuma, omunye wangena. Lokhu kungumfanekiso wani na? Awu, ngikubeka isithombe enhliziyweni yami njengalokhu: kungumfanekiso webandla liphuma ezweni ukuba liphephe, nokungena emkhunjini kaKristu ukuba lintweze liqhubekele enkazimulweni. UNowa wangena emkhunjini wokuphepha, noKristu ungumkhumbi wokuphepha. Futhi khumbulani lokhu—ngaphambi kokuba isichotho nobumnyama nokufa kushanele phezu kweGibhithe, uIsrayeli wenza indlela yakhe eya eGosheni lapho okwakukhona khona ukukhanya. Besilisa nabesifazane, ngilaleleni manje—ngaphambi kokuba kufike usuku futhi

ushiywe lapha phezu komhlaba ebumnyameni nokwahlulela, gijima ngalo lonke ijubane lakho ukuyocela ukuphepha—wemukele umlayezo waKhe wesihawu. “Shesha,” kwasho ingelosi, “futhi ubalekele khona ngokuba ngingenze-lutho ungakaphumi.” Ukwahlulela ngeke kwafika. IRashiya inomcibisholo imisayili ezosibeka embhedeni wethu wokufa. Yini ekhuluma ngokukazwelonke nokomoya na? UNkulunkulu ukhuluma ebandleni laKhe ukuba “Woza lapha ngokuba Ngingenze-lutho uze uphume.” UNkulunkulu, ulinde ibandla laKhe ukuba lidilize imigoqo yalo yobuhlelo futhi libuthane ndawonye lenzele ukuthululwa kwangempela kukaMoya oNgcwele ukuba aphakamisele ibandla laKhe enkazimulweni. “Ngingenze-lutho uze uze lapha.” Sifanele sihlangane ndawonye ukuze Asihlanganise sibe mzimba munye futhi asihlwithe ngaphambi kokubhujiswa kwezwe.

Uyanivakashela namhlanje, Bandla, ngesihawu, futhi ngesikhathi Esanakisisa futhi emukela umlayezo waKhe. Sondelani nisuke kulezizindonga zeBabiloni ezenziwe ngumuntu zamahlelo enziwe ngumuntu; balekani esayenseni eyenziwe ngumuntu nezivumokholo; balekelani phakathi nomusa kaNkulunkulu futhi nidazuluke nifune isihawu, ngokuba yigazi lendodana yaKhe elizonisindisa! Sukani emvelweni yenu endala engabazayo, izinkoloze zenu, nakisisani futhi nibalekele phakathi nomusa waKhe futhi niphile. Ngokuba ngithi kini izindonga zamahlelo enziwe ngumuntu ziyobhudluka futhi zibhubhe kanye nezwe elingakholwa. Kodwa uLoti olungileyo noNowa olungileyo bakhishwa, futhi kanjalo nebandla likaNkulunkulu ophilayo liyokhishwa. Uma ninakisisa angeke nibone neyodwa ibhomu ye atomu, futhi nesisodwa isikhali sembubhiso esiyosondela kini—niyophepha embusweni omkhulu kaNkulunkulu. Aniwuzwa umdonso womoya kaNkulunkulu uzama ukunisusa kukho konke okwenziwe ngumuntu ebandleni elozelayo, ukunigcina ngoMoya waKhe ophilayo na? Ayibusiswe iNkosi, Uvula amehlo ethu! Siyeza Nkulunkulu othandekayo, sivuselele njengoba sisondela.

Amen.

Ukubonga kwami okuqotho kuLeo Mercier nabaqondisi ngomsebenzi wabo nokuvuma ukusebenza nami nokunilethela lencwadi encane, engikhulekela ukuthi izoba yisibusiso kini futhi izoqhubela phambili uMbuso kaNkulunkulu—

William Branham

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org